

ZULU – “Where is your home?”

LIPHI IKHAYA LAKHO ?

Iningi lethu sinamakhaya noma indawo esiyibiza ngokuthi kulikaye Mhlawumbe lingeze labalihle noma lihlotshiswe kahle, kumbe lingeze lahlalisa kahle njengamanye amakhaya kodwa kithina kulikhaya, akunandaba noma sivakashelaphi, noma siyaphi, siyajabula njalo ukubuyela ekhaya lethu. Lezi ezinye izindawo esizivakashelile kumbe zingaba zinhle kakhulu zibengcono ngezindlela eziningi kodwa bezingesilona ikhaya kithina, ikhaya lethu lalilokhu lisiqhweba. Kukhona into ngekaya esenza sikhululeke, futhi sizizwele ukuthi singabakhona.

SIYIZIHAMBI LAPHA

Izwi lika Nkulunkulu liyasitshela ukuthi sizihambi nje. (1 Pet. 2:11; Heb. 11:13). Amakhaya ethu alapha akukhathazeki ukuthi akhiwe kahle kanjani, angawesikhashana nje, masinyane ubonda luzodabuka, upahla luzoqala ukuvuza, umoya usuzoshaya umnyango kanye namafasitela emuva nje kwesikhashana umcako uzoqala ukuwa, kancane kancane indlu yonke



iqale ukudilika, awukho umakhiwo kulomhlaba ohlala njalo. Cha zingezesikhashana nje ziyonakala zichitheke. Ake ubheke yonke indawo uyobona izinto ezifakazela ukuthi akukho lutho kulelizwe okuhlala isikhathi eside. Kodwa izinto zonke ziyedlula ngisho amakhaya ethu.

NOKHOKE WONKE UMUNTU UNALO IKHAYA ELIMIYO

Yilowo nalowo kithina noma siyakhwazi lokhu noma qha, sinekhaya elimiyo elingunaphakade. Lamakhaya yiwona esiya kuwo uma sekuphela impilo yethu kulelizwe. Uma umzimba wethu usubekwe ethuneni. Imiphefumulo yethu iya ekhaya lawo, lapho singeyizo izihambi kodwa lapho esiyoba ingunaphakade laphakade. Ikhaya elinye esichazelwe lona lingelechibi lomlilo nesolufa lapho isilo nomphrofethi wamanga bekhona nalapho usathane eyakuphonswa khona nalabo amagama abo angalotshwanga encwadini yokuphila. (Isamb. 20:10-15). Kulamadlambi koba khona ukukhala nokugedla amazinyo. Kulamadlambi anamandla omlilo kulokhu ukuhlupheka nokushisa. Ukufenyiswa ebusweni buka Sathane, ukuhleka okucasulayo kwamadimoni kuyonezela ububi nokwesabeka kwaso. Akuyikubakho ukuthokoza nokuziswa. Abalahliweyo bayoba bebodwa ebuhlungwini nasekuhluphekeni kwabo. Bayofisa ukuba sengathi balilalelisisa iVangeli likaJesu Kristu. Lamadlambi omlilo, lendawo yokuhlupheka, lendawo ebizwa ngokuthi isihogo iyoba ikhaya labo, ngoba Bonile bonke bengafinyelele ebukhosini bukaNkulunkulu. (Rom. 3:23). Leli ikhaya leziphingi, nezihlobongi, amanuku, abakhonza izithombe, abathakathi, izidakwa, amasela, abakhohlisi, amavila, nalabo abathanda imali, abasabekayo, nabanonya, iziminzi, abanomona, nabathanda izwe nezinto zezwe. (Gal. 5:19-21; Isamb. 21:8). Leli ikhaya labo bonke abenqabile ukwemukela iNkosi uJesu abe nguMsindisi wabo. Abangahlanzwanga igazi likaJesu. Ningakhohliswa UNkulunkulu akahlekwa. Umuntu uyovuna lokho akutshalile. (Gal. 6:7). Lokho esikutshala ezinkanukweni nasenyameni sokuvuna esihogweni.

Ake ume ubheke ukuthi isoni siya kanjani kulelikhaya, ikhaya okungelakhe ngoba engamemukelanga uMsindisi. Isoni esesaba lukhuni siya ekufeni umzimba waso unokwesaba ukufa. Ukufa kufike ngesikhathi esingalindelwe futhi esingadingeki. Ubheka ngonya isitha sakhe, izinjabulo zesono sezidlulile, inkokhelo esabekayo yesono imele ikhokhwe. Iminjunju yesihogo ibamba umoya nomphefumulo wakhe owesabayo. Noma angathanda ukuthandaza akanandlela yokuthintana noma nokuhlangana no Nkulunkulu. Abangani bakhe bezwe sebesaba ukuma eduze nombhede wakhe, namazwi abo ayize okududuza awasenakumsiza, nomcebo wakhe kumbe ayewuzuze ngokukhohlisa ungeke usindise umphefumulo wakhe, noma uthambise izinhlungu noma welule impilo yakhe. Noma ezama ukucabanga ngoNkulunkulu uSathane akamniki ithuba. Zonke izinto ayezithanda eziphilela kulelizwe sengathi seziyambhuqa ngisho nomalusi wamanga

wakhe wasezweni akasenakumsiza. Useyaqala ukubona ukuthi **kuyinto esabekayo ukuwela ezandleni zika Nkulunkulu ophilayo.** (Heb. 10:31).

Wayethemba ukuthi uyolungisa izinto noNkulunkulu esefa kodwa usebona ukuthi kwephuzekile. Izinkulungwane zabantu zifa masinyane bengatholanga nethuba lokufuna uNkulunkulu ekufeni kwabo. Ngakhoke siyatshelwa ukumfuna uNkulunkulu esenokutholwa. Endaweni yokuzwa izwi eliduduzayo likaNkulunkulu lesisoni esifayo esidelile umusa nothando lukaNkulunkulu ngenkathi sisaphila, manje sizwa izwi lomahluli, uMsindisi esimdelile ethi: Dedani kimi nina enithukiwe niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingilosi zakhe. (Mat. 25:41). Futhi lokhu kumiselwe ukuba abantu bafe kanye kande ukwabelwa. (Heb. 9:27).

MANJE AKESIBHEKE IKHAYA ELINGCONO

Kuleli ikhaya ubusuku abukho akudingeki ukukhanya kwesibani nokukhanya kwelanga ngokuba iNkosi iyakanyisa. (Isamb. 22:5). Akukho ukugula nokudabuka, nokulamba nokoma, nokuswela, nokuhlupheka, akukho ukwesaba nokufa. Ugange lwawo lwakhelwe ngejasipha umuzi wakhiwe ngegolide elihle. (Isamb. 21:18). Iso alikubonanga ayikuzwanga indlebe akungenanga enhliziyweni yomuntu lokho uNkulunkulu akulungisele abamthandayo. (1 Kor. 2:9). Alukho ulimi emhlabeni olungachaza ubukhosi baseZulwini. Iyamangalisa iyakhazimula. Leli ikhaya labahlengiweyo. Asikho isono esiyongena lapho. Akuyikungena nanye into embi neyenza okungekayo nokubi noma abanamanga. Kodwa kuphela abalotshiwe encwadini yokuphila yeWundlu. (Isamb. 21:27). Ungeke ulithenge lelikhaya ngemali noma ngemisebenzi, ngeke ukhwele ezindongeni zalo. Ayikho inkonzo yeBandla engakunika khona. Inye kuphela indlela ileyo enguJesu. Wathi: Mina ngiyindlela neqiniso, nokuphila akekho umuntu oza kubaba angangeni Ngami. (Joh. 14:6). UJesu uyasitshela ku. (Joh. 14:2). Ngekhaya alilungisayo, kodwa lelikhaya lase Zulwini elalabo abazono zabo zithethelelwe, abanezinhliziyo nempilo yabo ehlanzekileyo. Abaningi bembatha izembatho ezithile, benethemba lokuthi lezizinto zizobangenisa eZulwini. Cha inhliziyo edinga ukuhlanzeka, futhi kudinga sihlale ngobungcwele, impilo yobungcwele singahambisani nalelizwe. Sesibonile ukuthi sonke siyizoni emehlweni ka Nkulunkulu sonke siya ekulahlweni, kunento eyodwa esidinga ukuyenza. "Uma sizivuma izono zethu wethembekile ulungile ukusithethelela izono nokusihlanza kukho konke ukungalungi." (1 Joh. 1:9). UJesu wathi: Mina ngikuvuka nokuphila. Okholwa yimi noma efile wophila. Lowo ophila, ekholwa kasayikufa. (Joh. 11:25-26). Olizwa izwi lami akholwe ongithumile unokuphila okuphakade akezi eku lahlweni kepha se edlulile ukufa uya ekuphileni. (Joh. 5:24). Ukufa akulethi ubuhlungu nokwesaba ekholweni. Luphi udosi lwakho kufa na? Kuphi ukunqoba kwakho liba na? Kabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu. (1 Kor. 15:54-57). Umuntu ophile wahamba

noNkulunkulu akakwesabi ukufa. Uma kufika isikhathi sokudlula kwakhe uhamba ejabula njengo Mpostoli uPawulu ekubeka. Nginesifiso sokudlula angihlale noKristu okungcono kakhulu. (Fil. 1:23). UMkristu uyafisa ukubona ubuso bukaJesu owamfela wamuhlenga esiphambanweni. Umoya Oyingcwele naye uyaMkhumbuza amazwi kaJesu. "Inhliziyo yenu mayinga khathazeki, kholwani uNkulunkulu nikholwe yimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi. Ngiyakubuya ngize nginamukele, nibe nami ukuba lapha ngikhona nibe khona nani." (Joh. 14:1-4).

Manje akesime kancane sibuke ikholwa liya ekhaya lalo, endaweni yokufa okwesabekayo, kubonakala iNgilosi noma isithunywa sikaNkulunkulu silindele ukuthatha umoya olungisiwe siwubuyisele kuNkulunkulu. Umphefumulo nomoya kuyakhululwa emzimbeni obhubhayo undize emasangweni avuliwe aseZulwini uye esifubeni sakhe lowo othandwe umphefumulo wakhe. Lowo amphilela wamfela emhlabeni. Ukwemukelwa okuhle kumlindele ebusweni bukaNkulunkulu. Lapho ebengelelwa khona iNkosi yakhe ngalamazwi okuncoma. "Kuhle nceku elungileyo nethembekile ngena ekujabuleni kweNkosi yakho. (Mat. 25:21). USathane akasenamandla phezu kwakhe. Kuyigugu emehlweni kaJehova ukufa kwabalungileyo. (Isihl. 116:15). Ngezwa izwi livela ezulwini lithi loba ukuthi babusisiwe abafele eNkosini. Nakalokhu yebo usho uMoya ukuba baphumule ekukhathaleni kwabo imisebenzi yabo ibalandela. (Isamb. 13:14).

Awunakwenza njengendodana yolahleko owayekude nekhaya, wathi nxa ebona impilo yakhe ebuhlungu kanye nokuswela kwakhe wathi: Ngiyakusuka ngiye kubaba. (Luk. 15:18). Nikela impilo yakho **manje** kuJesu. Yenza **manje** lapho ukhona ziwise ngamadolo uvume kuNkulunkulu ukuthi uyisoni, umcele ukuba akuhlanze ngegazi lakhe eliyigugu. Mvume empilweni yakho, ngokwenza njalo guqukela uSathane nasendleleni eya kuSathane uqale indlela yakho ebheke ekhaya ezulwini.

M.R. Gschwend.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

E-MAIL: info@angp.co.za

ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS

P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.

(A Gospel Literature Mission financed by donations)

(Reg. No. 1961/001798/08)